



# INKUKHU YENYAMA



## SITHINTE

 [www.epol.co.za](http://www.epol.co.za)

 [info@epol.co.za](mailto:info@epol.co.za)

**SILANDELE EZINKUNDLENI  
ZOKUXHUMANA**   



# UKULUNGISELELA

- Ngaphambili kokuthi amatshwele anosuku olunye ezelwe afike qinisekisa ukuthi konke kume kahle endlini yezinkukhu, qinisekisa ukuthi unalo uhlelo lokugomela izifo zezinkukhu.

## AMAPHUZU ABALULEKILE MAYELANA NOKUPHAKELA IZINKUKHU

- Ukudla okubizwa ngokuthi iStarter makube imvuthuluka (crumbs) ukuze uqinisekise ukuthi kuthathwa ngendlela yokudla elungile, ukudla kwezigaba ezilandelayo makube umgxusho (pellet).
- Izinkukhu mazingahlali zingenako ukudla. Indlela yokudla enconyiwe encwajani yiziqondiso nje.
- Ekuqaleni amatshwele azodla ukudla okuvela phansi ephepheni lamatshwele kodwa qinisekisa ukuthi ubeka ukudla ezitsheni zokudlela ukuze amatshelwe afunde ukudla ezitsheni okusukela ngosuku lwesibili ukuze izinkukhu zifunde ukudlela kuzo.
- Ungabeki ukudla noma amanzi ngqo ngaphansi kwendawo eshisayo njengoba loku kungenza ukuthi izinkukhu zidle, noma ziphuze kancane kunokulindelikile.
- Khetha kona kudla kwaka-Epol okufanelekile okuhambisana nezidingo zomsebenzi wakho ekhasini lesine kulona ibhuku. Ungaxhumana futhi noMeluleki ogunyaziwe waka-Epol.

## IZIMO ZASENDLINI


- Indlu mayihlanzeke futhi kusetshenziswe izibulali magciwane ezifanele. Ngaphambi kokufaka amatshwele, endlala kanje:

UHLOBO LOKUNDLALELA	U-Wood Shaving	I-sodasi owomile	Okusatshani	Amakhafilithi aJikanelanga
UKUJULA NOMA UMTHAMO OMNCANE	2.5 cm	2.5 cm	1 kg/m <sup>2</sup>	5 cm

## BHEKA IZITSHA ZOKUDLA

- Qiniseka ukuthi kunezitsha zokudla nezokuphuza ezanele inani lezinkukhu onazo, bheka ithabhula lezaluleko ngezansi:

	UHLOBO	INANI
IZITSHA ZAMANZI	Bell	Isitsha samanzi (i-bell drinker) udinga 1 ezinkukhwini eziyi-100
	Nipple	Uhlobo (i-nipple drinker) ungasebenzisa eyodwa ezinkukhwini eziyi-12
IZITSHA ZOKUPHAKELA	Pan	Isitsha (i-feed pan) singanela izinkukhu eziyi-45
	Tube	Isitsha (i-tube feeder) enobubanzi obungu 40 cm inganela izinkukhu eziyi-70



## BHEKA IZINTO ZOKUFUDUMALISA INDLU


- Qinisekisa ukuthi ama-heater kanye namabroda okufudumalisa aphila kahle, kusebenza kahle futhi kuphakeme ngendlela efanele.
- Ukulawula ukufudumala kubalulekile ukuze izinkukhu zakho zikhule kahle. Gcina amarekhodi amazinga okushisa asezansi naphezulu endlu yezinkukhu zakho.
- Qalisa ukufudumeza indlu yezinkukhu ezinsukwini ezimbili ngaphambi kokufika kwamatshwele.

- Beka ukudla kanye namanzi kusasele usuku olulodwa kufike amatshwele. Loku kuzokwenza ukuthi ukudla namanzi kufudumale ngezinga elifanele zingakafiki izinkukhu.
- Ukufudumala makube sezingeni lika 32 °C uma zifika izinkukhu.
- Lungisa kahle amazinga okushisa, ikakhulukazi ezinsukwini eziyi-14 zokuqala.

## BHEKA LOKU OKULANDELAYO KWIZINKUKHU ZAKHO


- Ukuhlola izinkukhu okokuqala kwenze emahoreni amane (4) kuya kwayisithupha (6) emva kokuthi amatswele efikile.
  - Amatshwele amancane kufanele afike ekwazi ukudla, aphuze amanzi kanti futhi nokugijima. Uma engenzi njalo, ake uhlole ukuthi yini imbangela yokungenzeki kwaloko, hleze kungathi kanti amazinga okushisa.
  - Indlela amatshwele aziphethe yiyona ekubonisa kahle ukuthi ngabe izinga lokushisa likahle yini endlini.

### ✓ UKUFUDUMALA OKUFANELE




- Amatshwele ahlale ngokunethezeka, agcwalwe indawo yonke abekwe kuyona.
- Umsindo wamatshwele ukutshela ukuthi anelisekile yini amatshwele.

### ✗ KUBANDA NGOKWEQILE




- Amatshwele asondelelene wonke endaweni efudumele.
- Umsindo wamatshwele abonisa ukungaphatheki kahle.

### ✗ KUSHISA NGOKWEQILE



- Amatshwele athule, akenzi msindo.
- Amatshwele ayahefuzela, agebisa izimpiko kanye nekhandu.
- Amatshwele ayabaleka eduze kwesifudumezi.

### ✗ HLOLISISA



- Bheka ukuthi awukho yini umoya obandayo ongenayo, noma izindawo ezikhanya kakhulu kunezinye, noma umsindo omukhulu ovela ngaphandle.

- Ukuhlola futhi amatshwele okwesibili kwenzeka ngosuku olulandela ukufika kwawo.
  - Ukunika amatshwele ukudla kanye namanzi kubaluleke kakhulu ukukhulisa indlela adla ngayo amatshwele, yingako kufanele ubheke ukuthi aziphethe kanjani, bheka ukuthi ngabe izingingila zamatshwele sezinako yini ukudla kanye namanzi.
  - Okungenani, izingingila zamatshwele zingaba phakathi kwa 95 kuya ku-100 mazibonakale zingurawundi futhi zigcwele futhi zithambile okubonisa ukuthi akutholile ukudla namanzi.
  - Izingingila ezinganalutho zibonisa ukuthi amatshwele akatholi amanzi ngendlela nokudla okwanele.
  - Ngako hloa ukutholakala kanye nezinga lokudla (iphunga, ukunambitha) ngokushesha.
  - Izingingila ezigcwele futhi eziqinile (zinokudla okuqinileyo) zikhombisa ukuthi amatshwele akatholi amanzi anele, kufuneka uhlolisise ukuthi amanzi ayatholakala na, ngokushesha.



Isitshalo kubonakala kugcwele futhi kuyindilinga futhi izwakala ithambile futhi iyisiponji uma uyithinta.



Igila likhangeleka ligcwele, lingqukuva kwaye ukutya kuvakala kuthambile kukwa lafu-lafu



Igila ligcwele, kodwa livakala linokutya okuqinileyo.

- Ukuhlola kwasemva kwezinsukwini eziyi-7
  - Amatshwele kufanele abenesisindo esiphindaphindeke kane (4) kunesisindo ezifike ziyisona.
  - Uma amatshwele engakhulanga ngaleli zinga, zama ukuthola izizathu zaloku. Hlehla ubuke ukwenzeka kwezinto ukuzofika ngalelo langa, hlanganisa amazinga okufundumala, ukudla, kanye nezinye izinkomba ezingaba nomthelela.
  - Uma udinga usizo ngaloku, xhumana noMeluleki waka-**Epol**.
- Ukuhlola kwansuku zonke
  - Ngena endlini yamatshwele ngokuthula khona ungeke uphazamise izinkukhu, futhi sebenzisa imizwa yakho yonke, ukuze uzwe uphinde ucubungule ukuthi ngabe konke kumi ngomumo na. Bheka, hogela, uzwe futhi ulalele.
  - Qiniseka ukuthi kufudumele ngokwanele endlini ngokusebenzisa leli thebula elingezansi.
  - Bheka ukuthi akukho yini izindawo ezibandayo, okanye izindawo ezilungiswayo ngaphakathi endlini.
  - Bheka ukuthi izintuba ezingenisa umoya endlini zilungile yini nokuthi zisebenza kahle yini.
  - Qiniseka ukuthi izitsha zamanzi kanye nezokudla ziphakanyiswe ngokwanele, futhi zanele ukumelana nenani lezinkukhu onazo.
  - Bheka okundlalwe phansi. Qiniseka ukuthi akukho manzi okanye akomanga ngokweqile.
  - Susa zonke izinkukhu ezifile uphinde urekhode loku encwadini yokuloba iminingwane yendlu.

<b>UKUKHULA KWEZINKUKHU (NGOKWEZINSUKU)</b>	<b>0/1</b>	<b>7</b>	<b>14</b>	<b>21</b>	<b>28</b>	<b>35</b>	<b>42</b>
<b>SIKALI SOMSWAKAMO (%)</b>	30 – 50	40 – 60	50 – 60	50 – 60	50 – 65	50 – 70	50 – 70
<b>AMAZINGA OKUSHISA (°C)</b>	32 – 38	29 – 30	27 – 28	24 – 26	21 – 23	19 – 21	18

### UHLELO LOKUKHANYISA

- Uhlelo lokukhanyisa lubalulekile ukuze uthole ukukhula kwezinkukhu okuhle.

<b>UKUKHULUA KWEZINKUKHU (Izinsuku)</b>	1	2 - 21*	22	23	24	<b>Izinsuku ngaphambi kokuhlatshwa</b>				
						5	4	3	2	1
<b>AMAHORA (Isibani sicishiwe)</b>	1	9	8	7	6	5	4	3	2	1

\*Uma amatshwele engafinyeleli kwisisindo esifanele nyusa amahora okukhanyisa.

### IZINTO EZIMQOKA EKUMELE UZIREKHODE KWINQUBO YONKE

- Isisindo sezinkukhu mhla zifika, kanye nesisindo ngalezi nsuku ezilandelayo: 7, 14, 21, 28 kanye naku 35.
- Ukufa kwezinkukhu kushicelelwa nsukuzonke kanye nezinkukhu ezihlungiwe.
- Ukudla okudliwe izinkukhu nsukuzonke.
- Amanzi aphuzwa izinkukhu nsukuzonke.
- Amazinga aphantsi naphezulu okushisa endini yezinkukhu.
- Noma imuphi umgomo nemithi elaphayo enikwe izinkukhu.

## IZINHLOBO ZOKUDLA KWEZINKUKHU KWAKA-EPOL

- U-Epol unezinhlombo ezihlukahlukene zokudla ezihambisana nabalimi abahlukahlukene.
- Leli thebula lingezansi linikeza indlela yokunika ukudla kwizinhlobo zonke zokudla kwethu futhi okutholakala ngezikhwama kodwa ke kufanele ukhumbule ukuthi izinkukhu akufanele zingatholi kudla noma amanzi. Uma kungezeka udinge usizo oluhlukile, ungangabazi ukuthinta isizinda saka-Epol esiseduze nawe futhi uxoxe ngezidingo zakho nomphathi wezentengiso wesifundazwe.

<b>SUREGRO</b>		Ifanele uMfuyi wezinkukhu osaqala, ezingeni eliphansi. Isetshenziselwa ukukhuphula inzuzo uma uthengisa izinkukhu eziphilayo.				
IZINHLELO ZOKUNIKA UKUDLA	ISIGABA SOKUDLA KWENKUKHU V#	ISIGABA SOKU-LUNGI-SELELA	ISIGABA SOKUQALA (V30821)	ISIGABA SOKUKHUPHULA UKUKHULA KWENKUKHU (V30820)	ISIGABA LAPHO INKUKHU ISIKHULE NGOKWENELE (V30819)	ISIGABA SOKUGCINA LAPHO INKUKHU ISIGCINIWE (V30818)
UHLELO LOKUPHAKELA IZIGABA EZI – 2	UKUDLA KWENKUKHU NGAYINYE	-	800 g	2.7 kg	-	Uma izinkukhu zifinyelele kwisisindo esifunekayo zinike ukudla zize zihlatshwe
	IZINSUKU ZOKUKHULA KWENKUKHU	-	0 – 18	19 – 42	-	
UHLELO LOKUPHAKELA IZIGABA EZI – 3 (Ukhethe 1)	UKUDLA KWENKUKHU NGAYINYE	-	800 g	1.8 kg	1 kg	
	IZINSUKU ZOKUKHULA KWENKUKHU	-	0 – 18	19 – 35	36 – ukuphela komjikelezo	
UHLELO LOKUPHAKELA IZIGABA EZI – 3 (Ukhethe 2)	UKUDLA KWENKUKHU NGAYINYE	-	600 g	-	2.3 kg	
	IZINSUKU ZOKUKHULA KWENKUKHU	-	0 – 15	-	16 – 32	
UHLELO LOKUPHAKELA IZIGABA EZI – 4	UKUDLA KWENKUKHU NGAYINYE	-	600 g	1 kg	1.3 kg	
	IZINSUKU ZOKUKHULA KWENKUKHU	-	0 – 15	16 – 24	25 – 32	
<b>ECONOGRO</b>		Ifanele uMfuyi wezinkukhu olandela imigomoyokufuya futhi ofisa ukukhuphula izinga lomukhiqizo wakhe.				
IZINHLELO ZOKUPHAKELA	ISIGABA SOKUDLA KWENKUKHU V#	ISIGABA SOKU-LUNGI-SELELA	ISIGABA SOKUQALA (V30822)	ISIGABA SOKUKHU-PHULA IZINGA LOKUKHULA KWENKUKHU (V30826)	ISIGABA LAPHO INKUKHU ISIKHULE NGOKWENELE (V30828)	ISIGABA SOKUGCINA LAPHO INKUKHU ISIZOTHENGISWA (V30831)
UHLELO LOKUPHAKELA IZIGABA EZI – 2	UKUDLA KWENKUKHU NGAYINYE	-	800 g	2.7 kg	-	Uma izinkukhu zifinyelele kwisisindo esifunekayo zinike ukudla zize zihlatshwe
	IZINSUKU ZOKUKHULA KWENKUKHU	-	0 – 18	19 – 42	-	
UHLELO LOKUPHAKELA IZIGABA EZI – 3 (Ukhethe 1)	UKUDLA KWENKUKHU NGAYINYE	-	800 g	1.8 kg	1 kg	
	IZINSUKU ZOKUKHULA KWENKUKHU	-	0 – 18	19 – 35	Kusukela ku-36 izinsuku – uze uthengise zonke izinkukhu	
UHLELO LOKUPHAKELA IZIGABA EZI – 3 (Ukhethe 2)	UKUDLA KWENKUKHU NGAYINYE	-	600 g	-	2.3 kg	
	IZINSUKU ZOKUKHULA KWENKUKHU	-	0 – 15	-	16 – 32	
UHLELO LOKUPHAKELA IZIGABA EZI – 4	UKUDLA KWENKUKHU NGAYINYE	-	600 g	1 kg	1.3 kg	
	IZINSUKU ZOKUKHULA KWENKUKHU	-	0 – 15	16 – 24	25 – 32	

# OPTIGRO

Umkhqizo ofanele uMfuyi wezinkukhu ohlose ukuphucula izinga akhijiza ngalo.

IZINHLELO ZOKUPHAKELA	ISIGABA SOKUDLA KWENKUKHU V#	ISIGABA SOKU-LUNGI-SELELA (V30832)	ISIGABA SOKUQUALISA UKUKHULA (V30823)	ISIGABA SOKUKHU-PHULA IZINGA LOKUKHULA KWENKUKHU (V30825)	ISIGABA LAPHO INKUKHU ISIKHULE NGOKWENELE (V30827)	ISIGABA SOKUGCINA LAPHO INKUKHU ISIZOTHENGISWA (V30830)
UHLELO LOKUPHAKELA IZIGABA EZI - 3	UKUDLA KWENKUKHU NGAYINYE	-	600 g	-	2.3 kg	Kusukela ku-600g wokudla
	IZINSUKU ZOKUKHULA KWENKUKHU	-	0 - 15	-	16 - 32	Kusukela ku-33 ilungele ukuhlatsiswa
UHLELO LOKUPHAKELA IZIGABA EZI - 4	UKUDLA KWENKUKHU NGAYINYE	-	600 g	1 kg	1.3 kg	Kusukela ku-600g wokudla
	IZINSUKU ZOKUKHULA KWENKUKHU	-	0 - 15	16 - 24	25 - 32	Kusukela ku-33 ilungele ukuhlatsiswa
UHLELO LOKUPHAKELA IZIGABA EZI - 5	UKUDLA KWENKUKHU NGAYINYE	200 g	400 g	1 kg	1.3 kg	Kusukela ku-600g wokudla
	IZINSUKU ZOKUKHULA KWENKUKHU	0 - 9	0 - 15	16 - 24	25 - 32	Kusukela ku-33 ilungele ukuhlatsiswa

Yonke imikhqizo ibhaliswe ngaphansi koMthetho weNombolo 36 wonyaka 1947.

## YINI OKUMELE UYIHLOLE UMA UNGENA ENDLINI YAMATSHWELE?



Qaphela ukuziphatha kwezinyoni okuhlanganisa ukusatsahaliswa endlini, inani lezinyoni ezidlayo, eziphuzayo kanye nokuphumula. Ingabe izinyoni zibukeka ziphilile? Siyini isimo sabo sengqondo? Qaphela ukuma kwabo, ukuqapha, amehlo kanye nokuhamba. Futhi hlola futhi uqaphele imvelo kubandakanya izinto ezifana nothuli olusemoyeni kanye nekhwalithi yemfucumfucu.



Bamba izinyoni futhi uhlole izingingila zazo, uhlole ukugcwala kwazo. Futhi hlola isimo sabo esijwayelekile. Hlola ukuthi umoya wokungenisa umoya ulungile yini. Ingabe kukhona okusalungiswa? Ngabe izinga lokushisa lendlu lizwakala kanjani?



Qaphela futhi uhlole izinga lamanzi nelokudla.



Lalela iphimbo lenyoni ngendlela eziphefumula ngayo kanye nemisindo yokuphefumula. Lalela imisindo yemishini yamafeni nezitsha zokuphakela.



Qaphela iphunga endaweni efana namazinga e-ammonia. Ingabe umoya umdala/uyanuka noma uminyene?



## ULWAZI NGEZOKUXHUMANA

### MILLS:

Berlin (043) 685 2111  
 Pietermaritzburg (033) 387 2460  
 Pretoria West (012) 386 0469  
 Rustenburg (087) 365 0581  
 Vaalwater (087) 820 4580  
 Worcester (087) 365 6360

### IZITOLE ZOKUDLA:

Estcourt (036) 352 3141  
 Pietermaritzburg (033) 397 1227



Ucingo lokusiza abathengi: 086 177 7177  
 WhatsApp: 087 359 0476

#WeAreRainbow

